



UBaba uza ekhaya

Le ncwadi ngeka





papab!

vuuuum

Pipiiip!

vuuuum

Brrrum



papab!

Brrrum

vuuum

Pipiiip!



bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

UBaba uza ekhaya

(Tata comes home)

Illustrated by Heleen Steyn van der Merwe

Written by Sewela Langeni

Designed by Tammy Adendorff

Translated by ZabeNguni Media (Pty) Ltd

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 17 August 2024.

ISBN: 978-0-948602-23-8

Typeset in Belanosima and Quicksand

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence
(<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>).


You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.





UBaba uza ekhaya



Sewela Langeni

Heleen Steyn van der Merwe


Tammy Adendorff







Njalo ngoLwesihlanu emva
kokuphuma kwesikole, uDaluxolo
uma phambi kwesango aqamele
ezingalweni zakhe, **elindile...**





Abangani bakhe balokhu bembiza
ukuze azodlala nabo ibhola enkundleni
yebhola lezinyawo ewubhuqu ezansi
komgwaqo kodwa yena uthi cha.

Daaali!









Lokho yingoba kunomuntu okhethekile
ozayo ... njalo ngempelasonto,


**uBaba uza
ekhaya.**








Ulula intamo yakhe ebheke emgwaqweni
omkhulu, elinde ngabomvu ukubona lapho
imoto kaBaba i-VW Beetle emhlophe,
ijika emgwaqweni wakhe.






Lapho nje ijika ikhona, uDali ugijimela
emotweni ukuze akwazi ukugibela yonke
indlela eya ekhaya
emotweni kaBaba.





Piip!
Piiip!





**“Sawubona Dali,
mfana wami,”**

uBaba umemeza
ngenjabulo, njengoba
evula umnyango.


“Ngena!”







Uma uBaba esekhaya, yena
noDali baba nesikhathi
esimnandi kakhulu
ndawonye,





baqala ngesidlo sabo
esiyintandokazi
esiphekwa uMama -
**ipapa,
ivosi kanye
nesobho.**







NgoMgqibelo ekuseni, baqala usuku
lwabo ngokugijima okufushane
bajikeleze indawo yangakubo.







Bese ngemva kwesidlo
sasemini, uBaba ufundisa
uDali ukudlala imidlalo
yamakhadi.






Ntambama, uDali uthanda ukubuka
uBaba epholisha izicathulo zakhe
ngenkathi eshaya umlozi elalele izingoma
zakhe azikhonzile emsakazweni.







ISonto usuku oludabukisayo lapho
kumele bavalelisane ngoba uBaba
kumele abuyele emsebenzini.









Kodwa uDali akahlali edabukisa
isikhathi eside ngoba uyazi ukuthi
ngoLwesihlanu,
uBaba uza ekhaya.



papab!

vuvuvum

Pipiiip!

vuvuvum

Brrrum



papab!

Brrrum

vuuum

Pipiiip!

